Publication: Isolezwe (Sport)
Publication Date: 15 May 2017
Page: 23

AVE: 52370.21
Circulation: 90724
Part: 1 of 1

# Usuthu lusazotabalasa ehlathini

**MINENHLE MKHIZE**

LISHABALELE iphupho laMaZulu FC lokugijima kwi-Absa Premiership ngemuva kokuhluleka wukuzibekisela indawo kuma-play-off.

Izolo Usuthu lushaywe yiFC Cape Town ngo 1-0 emdlalweni weNational First Division (NFD) obuseNNK Rugby Stadium, eKapa.

Usuthu oseluchithe amasizini amabili kwiNFD liye emdlalweni wayizolo luhlezi endaweni yesithathu futhi ludinga amaphuzu amathathu ukuze lizibekisele indawo kuma-play-off.

IStellenbosch FC iyona egcine ithathe indawo yesithathu iqumba phansi iSantos ngo 1-0 wegoli likaMame Niang, igcine isinamaphuzu angu-49.

Ijoyine iBlack Leopards eqede endaweni yesibili ngamaphuzu angu-50. Usuthu lugcine luqede endaweni yesihlanu kwi-log ngamaphuzu angu-47 emidlalweni engu-30.

Leli qembu sekumele liphinde lizame ngesizini ezayo noma lithenge isitifiketi seqembu elidlala esigabeni esikhulu.

Elinye iqembu laKwaZulu-Natal elihlulekile wukuzibekisa indawo kweyokuhlunga iRoyal Eagles eqede ihleli endaweni yesine ngamaphuzu angu-48. Imidlalo yama-play off izoqala ngoMeyi 31 iphele ngoJuni 17. Elinye iqembu elizodlala kweyokuhlunga ngelizoqeda endaweni ka-15 kwi-Absa Premiership, okungacaci phakathi kweHighlands Park, Baroka FC, Chippa United, Free State Stars neBloemfontein Celtic.

Khona manjalo uRoger Sikhakhane ocija iThanda Royal Zulu engompetha beNFD, akazange abonakale ebhentshini laMabhubesi ayisonge ngesitayela isizini eshaya abakhaya bayo iReal Kings ngo 2-1 emdlalweni obuyizolo eSugar Ray Xulu Stadium, eClermont, eThekwini.

USikhakhane akazange abonakale ngenxa yokuthi ubexinwe umkhuhlane. Lezi zindaba ziqinisekiswe yiphini lakhe uJomo Ntuli ebelikhuluma nabezindaba ngemuva komdlalo.

IThanda idle umhlanganiso ngamaphuzu angu-62 emidlalweni engu-30 yeligi.

"URoger akabambekile kakhulu, ubanjwe umkhuhlane ufake i-drip esibhedlela," kusho uNtuli.

"Nakanjani sibhekile ukuthi siliqinise iqembu njengoba siya kwiPremiership. Sesibahlonzile abadlali esibafunayo. Kodwa ngeke sisayine abadlali asebephelelwe ushatini. Ukhiye wempumelelo yethu kube wukubambisana futhi iqembu lethu ngeke silihlakaze njengoba siya esigabeni esikhulu."

Imiphumela yemidlalo yeNFD: Black Leopards 0-3 Mthatha Bucks;Jomo Cosmos 3-0 University of Pretoria; Witbank Spurs 1-3 Royal Eagles; FC Cape Town 1-0 AmaZulu;Stellenbosch FC 1-0 Santos;Cape Town All Stars 4-2 Milano United;Mbombela United 3-0 Magesi FC;Real Kings FC1-2 Thanda Royal Zulu FC

**I-LOG YE-NATIONAL FIRST DIVISION (NFD)**

| AMAQEMBU | P | W | D | L | GF | GA | Pts |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Thanda | 30 | 17 | 11 | 2 | 52 | 24 | 62 |
| Leopards | 30 | 14 | 8 | 8 | 44 | 37 | 50 |
| Stellenbosch | 30 | 14 | 7 | 9 | 39 | 29 | 49 |
| Eagles | 30 | 13 | 9 | 8 | 52 | 37 | 48 |
| AmaZulu | 30 | 14 | 5 | 11 | 52 | 37 | 47 |
| Mbombela | 30 | 12 | 8 | 10 | 43 | 30 | 44 |
| Witbank | 30 | 12 | 8 | 10 | 40 | 39 | 44 |
| Mthatha | 30 | 10 | 13 | 7 | 39 | 36 | 43 |
| CT All Stars | 30 | 9 | 11 | 10 | 27 | 29 | 38 |
| Cosmos | 30 | 10 | 8 | 12 | 33 | 36 | 38 |
| Kings | 30 | 9 | 9 | 12 | 36 | 40 | 36 |
| Pretoria | 30 | 10 | 6 | 14 | 32 | 42 | 36 |
| FC C/Town | 30 | 8 | 10 | 12 | 35 | 49 | 34 |
| Milano | 30 | 10 | 2 | 18 | 36 | 59 | 32 |
| Magesi | 30 | 8 | 7 | 15 | 34 | 46 | 31 |
| Santos | 30 | 4 | 10 | 16 | 16 | 40 | 22 |



**OMPETHA beNational First Division bayivale ngenothi eliphezulu isizini benqoba iReal Kings emdlalweni wokugcina weligi obuseSugar Ray Xulu Stadium eClermont izolo ntambama**

**Isithombe: BACKPAGEPIX**

ASIKHULUME
THUMELA umbono ngalolu daba kuFacebook (Isolezwe), kuTwitter (@isolezwenews) noma umqhafazo ku-45773. I-sms ibiza R1,50.

This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.